ISIFUNDO SESIKOLE
SESABATHA SABADALA

2 "YONDLA IZIMVU ZAMI"
1 NO 2 PETER

Seventh-day Adventist Church

Okuqukethwe

1	Ukuthi UPetro Ungubani—March 25–31	110
2	Ifa Elingaboliyo—April 1–7	118
3	UbuPristi BobuKhosi—April 8–14	126
4	Ubudlelwane Emphakathini—April 15–21	134
5	Ukuphilela UNkulunkulu—April 22–28	142
6	Ukuhluphekela UKristu—April 29–May 5	150
7	Ubuholi Bobunceku—May 6–12	160
8	UJesu Emibhalweni KaPetro—May 13–19	168
9	Yiba Yilokho Oyikho—May 20–26	176
10	Isiprofetho NeMibhalo—May 27–June 2	184
11	Othisha Bamanga—June 3–9	292
12	Usuku LweNkosi—June 10–16	200
13	Izindikimba Ezinkulu Ku-1 no 2 Petro—June 17–23	208

Editorial Office:
12501 Old Columbia Pike
Silver Spring, MD 20904

Sivakashele kwi-Website yethu:
http://www.absg.adventist.org

Obenomthelela Omkhulu Ekubhalweni:
Ngu Robert McIver

Umhleli:
Clifford R. Goldstein

Umhleli Oyisekela:
Soraya Homayouni

Umholi Kwezokushicilela:
Lea Alexander Greve

Umsizi Womhleli:
Sharon Thomas-Crews

Pacific Press® Coordinator:
Wendy Marcum
Imidwebo Nemifanekiso:
Lars Justinen

© 2017 General Conference of Seventh-day Adventists®. Onke amalungelo agodliwe. Akukho ngxenye yeSifundo Sesikole SeSabatha Sabadala engahlelwa, iguqulwe, ihumushwe noma ishicilelwe yinoma ngubani ngaphandle kwemvume elotshiwe ephuma kwi-General Conference yama-Seventh-day Adventists®. Ama-division offices e-General Conference yama-Seventh-day Adventists® anikeziwe igunya lokuhumusha Isifundo Sesikole SeSabatha Sabadala, ngaphansi kwemibandela ethile. Ama-Copyright alokhu kuhumushwa azosala e-General Conference. "Seventh-day Adventist," "Adventist" kanye nophawu lwelangabi kubhalisiwe ngaphansi kwe-General Conference of Seventh-day Adventists® futhi akuvumelekile ukuba kusetshenziswe ngaphandle kwemvume ephuma e-General Conference.

Isifundo Sesikole SeSabatha Sabantu Abadala silungiswe yihhovisi leZifundo Zesikole SeSabatha Zabantu Abadala le-General Conference yama-Seventh-day Adventist. Ukuhlelwa kwezifundo kuphansi kokuqondiswa yiKomidi LeZifundo Zesikole seSabatha lomhlaba wonke, elimalungu alo angabahleli abelulekayo. Isifundo esishicilelwe siwumphumela wekomidi, kanjaloke akuwona umbono womhleli noma abahleli.

Ukondla Izimvu

Ngenxa yokuthi isifundo sethu kulekota siku-1 no 2 Petro, sifunda amazwi othile owayenoJesu ngezikhathi ezibaluleke kakhulu zomsebenzi Wakhe. UPetro ubuye futhi abe ngogqamile kubaholi bamaKristu okuqala. Lamaqiniso ewodwa enza izincwadi zakhe kubesemqoka ukuba zifundwe. Kepha lezizincwadi ziyathathekisa ngokuthi zazibhalelwe amabandla ayedlula ezikhathini ezilukhuni: ayebhekene nokushushiswa kanye nengozi yothisha bamanga ababequbuka ngaphakathi kuwo.

UPetro uxwayisa ngokuthi phakathi kwezinye izinto labothisha bamanga abazozithuthukisa ngukungabaza ngokubuya kwesibili kukaJesu. “Siphi isithembiso sokuza kwakhe na?” bazosho, “ngokuba selokhu kwafa obaba, zonke izinto ziqhubeka Njengalokhu bezenza kusukela ekuqaleni kokudalwa” (2 Pet. 3:4). Namuhla, cishe emuva kweminyaka eyizigidi ezimbili, siyalazi iqiniso lalesisimangalo, akunjalo na?

Ngaphandle kokuba uPetro asixwayise ngothisha bamanga, ukuhlupheka ibandla elibhekana nako yisihloko abuyela kuso izikhathi eziningana. Lokhu kuhlupheka, uthi, kufana nokuhlupheka kukaJesu, owathathela kuye izono zethu ngomzimba Wakhe lapho efa esiphambanweni (1 Pet. 2:24). Kepha izindaba ezinhle ngezokuthi ukufa kukaJesu kwaletha inkululeko ekufeni kwaphakade okwakudalwe yisono, kanye nempilo yokulunga lapha manje kulabo abathembele Kuye (1 Pet. 2:24).

UPetro uthi uJesu akafelanga nje kuphela izono zethu kepha uzobuyela emhlabeni nokwahlulela kukaNkulunkulu (2 Pet. 3:10-12). Ugcizelela iqiniso lokuthi ukuza kokwahlulela kumele kube nemithelela ephathekayo empilweni yekholwa. Lapho uJesu

ebuya, uzokubhubhisa isono futhi ahlanze umhlaba ngomlilo (2 Pet. 3:7). Kuyothi amaKristu amukele ifa uNkulunkulu akade ewagcinele lona Ezulwini (1 Pet. 1:4).

UPetro unamazwi aphathekayo ngendlela amaKristu okumele aphile ngayo. Okokuqala nokusemqoka, amaKristu kumele athandane (1 Pet. 4:8). Uqoqa lomcabango wakhe ngokuthi: "Ekugcineni, nonke manibe nhliziyonye, nihawukelane, nithandane, nibe nobubele, kanye nokuthobeka" (1 Pet. 3:8, NRSV).

Izincwadi zikaPetro zingukumemezela okuqinisekile kwevangeli, isigijimi seBhayibheli lonke. Nembala, uma Kukhona okumele awazi Umusa kaNkulunkulu osindisayo, nguPetro. Yena lowo Petro, ngokusobala futhi nangenhlamba owaphika iNkosi yakhe ethi, " 'Angiyazi leyondoda' " (Matt. 26:74, NKJV), nguyena uJesu athi kuye, "Yondla izimvu zami" (John 21:17). Lezizincwadi ezimbili ziyisibonelo sokufeza lokho kanye kukaPetro—ukondla izimvu zenkosi.

Nembala, futhi, noma Iyiphi ingxenye yalokhu kondla kuzofaka iqiniso elikhulu lokusindiswa ngokholo kuKristu, Indikimba uzakwabo, umpostoli uPawule, ayimemezela ngamandla. Leli yiqiniso lomusa kaNkulunkulu. UPetro wayazi ngalokho, hhayi nje kuphela ngokomqondo, noma ngokwemfundiso, kepha ngoba yena uqobo wayebe namava eqiniso kanye namandla alowo musa.

Njengalokhu kwaloba u-Martin Luther ephawula ngoPetro: "Empeleni leNcwadi kaPetro ngenye yezincwadi ezinkulu kakhulu kwiTestamente Elisha, futhi iyivangeli leqiniso elimsulwa. Ngokuba uPetro wenza lokho okwenziwe nguPawule kanye nabanye abavangeli yokufundisa ngemfundiso yeqiniso yokholo, ngendlela esinikezwe ngayo uKristu, osusa izono zethu futhi asisindise."—*Commentary on the Epistles of Peter and Jude* (Grand Rapids: Kregel Publications, 1982), pp. 2, 3. UJesu wathi kuPetro makondle izimvu Zakhe. Siyingxenye yalezo zimvu. masondleke.

U-Robert K. McIver wakhulela e-New Zealand futhi usebenze isikhathi eside sempilo yakhe e-Avondale College, lapho efundisa khona ngeBhayibheli kanye ne-archeology. Ungumbhali wezincwadi eziningana, ezimbandakanye The four Faces of Jesus kanye ne¬-Beyond the Da Vinci Code.